Downloaded from eduresourceza.com

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (2 x 25) (50) |

**QAPHELA**: Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isb. Asabulwembu/awumdwebo/ ayifloshadi/amaphuzu asemqoka), lungisa amaphutha uphinde ufundisise umsebenzi wakho. Amalungiselelo mawabhalwe ngaphambi kwempendulo.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama-100 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama-(2 x 40) 80 |

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

eduresourceza.com


Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

**ISIQEPHU A: INDABA**

**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

1.1 Angikaze Ngijabule Ngale Ndlela **[50]**

1.2 Ukucimakonga kogesi Kwenza Umonakalo Omkhulu **[50]**

1.3 Ukube Ngalalela Odokotela Ngabe Akunje **[50]**

1.4 INingizimu Afrika Yizwe Elibukeka Lingcono Kunamanye Amazwe Ase-Afrika **[50]**

1.5 Kubalulekile Ukufunda Izilimi Zomdabu **[50]**

Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6, 1.7 NOMA 1.8) bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6



[Sicashunwe ku-shutterstock.com] **[50]**


Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

Umngani wakho usanda kululama ngemuva kokugula isikhathi eside.

Bhala **incwadi** umbongele ngokululama kwakhe. **[25]**

2.2 **ISIBUYEKEZO**

Bhala **isibuyekezo** sencwadi oyifundile ekuhlabe umxhwele. **[25]**

2.3 **I-ATHIKHILI YEPHEPHANDABA**

Bhala **i-athikhili yephephandaba,** ugqugquzele umphakathi ukuthi ulekelele ekubambeni iqhaza ngokuvala imigodikazi evuleke emgwaqeni ohamba izimoto. **[25]**

2.4 **UMLANDO KAMUFI**

Kudlule emhlabeni umngane wakho omkhulu.

Bhala **umlando kamufi** ozofundwa ngosuku lomngcwabo. **[25]**

2.5 **INCWADI YAKOMKHULU**

Inkampani, iKhanyanamifuthi Projects, ikhiphe isikhangisi emsakazweni sokuxhasa ngomfundaze abafundi abazophumelela ngamalengiso ezifundweni zabo zikamatikuletsheni.

Bhala **incwadi yakomkhulu** ufake isicelo salo mfundaze. **[25]**

2.6 **INKULUMO-MPENDULWANO**

Unenkulumo-mpendulwano nomngani wakho enifunda naye ibanga le-12 mayelana nokungazimiseli kwakhe ukulalela othisha uma eboniswa ngokungenzi kahle kwezinye zezifundo.

Bhala **inkulumo-mpendulwano** ephakathi kwakho nomngani wakho. **[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha
Downloaded from eduresourceza.com

